Ubhapathizo Nobuhlobo Bakho NoNkulunkulu (Ingxenye 2)

Isekelwe esahlukweni 18 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, uhlole nalokho okufundiswa iBhayibheli, ubone ukuthi ungabachazela kanjani abanye lokho okukholelwayo.

YINI EYENZA UMKRISTU AFANELEKELE UKUBHAPATHIZWA?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Yini abanye abangase bayisho?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Ukuze umKristu abhapathizwe, kumelwe aziphathe ngendlela ejabulisa uNkulunkulu.
(Bheka isahluko 18 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 8-13.)

Funda uJeremiya 20:9; eyesi-2 Korinte 4:13.
Ukholo kufanele lwenze umKristu afise ukwenzani?

Funda izEnzo 3:19.
UmKristu kufanele enzeni ngaphambi kokuba anikele ukuphila kwakhe kuNkulunkulu?



Uma ubungapha umngane wakho imoto, ubungeke ugcine izikhiye zayo noma ufune ishayelwe uwena kuphela. Ngokufanayo, uma unikela ukuphila kwakho kuJehova, umnikeza imvume ephelele yokulawula ukuphila kwakho

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Ngaphambi kokuba umKristu abhapathizwe, kufanele anikele ukuphila kwakhe kuNkulunkulu.

(Bheka isahluko 18 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 14-16.)

Funda uDuteronomi 6:15; Marku 8:34.

Kusho ukuthini ukuzinikela kuNkulunkulu?

Funda eyoku-1 Petru 4:2.

Ukuzinikela komKristu kuNkulunkulu kuyithinta kanjani imigomo nezifiso zakhe?

Yiluphi ushintsho osulwenzile nosazolwenza ukuze ujabulise uNkulunkulu?

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Akudingeki amaKristu ashumayeze abanye. Into nje uNkulunkulu ayifunayo ukuba siziphathe kahle.

UNGASE UTHI . . .

Abantu abaningi bangase bavumelane nalowo mbono. Kodwa engikukholelwayo kuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Akekho umuntu ophile kahle onganikela ukuphila kwakhe konke kuNkulunkulu.

UNGASE UTHI . . .

Ngiyavuma ukuthi uNkulunkulu akalindele okungaphezu kwamandla ethu. Kodwa, ngikholelwa ukuthi kufanele ngimkhonze ngenhliziyo yami yonke ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2017 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania